# Basiza umkhulu ukuze alulame



Siboniso Cliford Mashabane



Isikhathi sebhulakufesi.

Umndeni usetafuleni. Balindele umkhulu ukuthi azohlanganyela nabo.

Umkhulu uyashelela uyawa! Ulimele ingalo!

Umkhulu usesibhedlela.

Udokotela uwalungisile amathambo engalo yakhe.

“Kuzomele uhlale esibhedlela amalangana,” kusho udokotela.

Umkhulu ukhulile, uzothatha isikhathi ukululama.





NgoMsombuluko, ugogo noThoko beza esibhedlela ukuzothandazela umkhulu.

“Imithandazo yethu izokusiza ululame,” kusho uThoko.

“Ngiyabonga,” kusho umkhulu.

NgoLwesibili, umama noFana bamlethela ama-apula nobhanana.

“Izithelo zizokusiza ululame,” kusho uFana.

“Ngiyabonga,” kusho umkhulu.




Holy Bible

NgoLwesithathu, ubaba noThoko bamlethela incwadi.

Ukufunda kuzokusiza ululame," kusho uThoko.

"Ngiyabonga," kusho umkhulu, ethatha incwadi.

NgoLwesine, umalume noFana bamlethela umsakazo.

“Ukulalela umsakazo kuzokusiza ululame,” kusho uFana.

“Ngiyabonga,” kusho umkhulu.




Holy Bible

NgoLwesihlanu, udokotela uhlola ingalo kamkhulu.

“Ingalo yakho iphola kahle. Ungaphindela ekhaya. Kuzomele ubuye ngoMsombuluko ngizokuhlola futhi,” kusho udokotela.

“Ngiyabonga,” kusho umkhulu.

Umkhulu ukulungele ukubuyela ekhaya!

UFana nobaba basesibhedlela ukuzomlanda.

“Bonke ekhaya bajabulile ukuthi uyabuya, Mkhulu!” kusho uFana.


HOSPITAL



Ekhaya, bonke balungiselela ukubuya kukamkhulu.

Ugogo ubhake ikhekhe.

Umalume wosa inyama.

Umama uletha amapuleti etafuleni.

UThoko ufutha amabhaluni.



Umkhulu ubuyile!

Bonke bajabulile.

“Ngiyabonga mndeni wami,” kusho umkhulu.
“Uthando lwenu lungisizile ukuthi ngilulame!”